ASb approved

USikhukhukazi uqiliga uKhozi

Pumla Mdontswa and Zanele Zuma

Rob Owen

isiZulu

African Storybook.org

Kudaladala, uSikhukhukazi noKhozi babengabangani. Ngelinye ilanga, uKhozi wafica uSikhukhukazi ephumule phansi kwesihlahla nezikhwama zakhe. USikhukhukazi wayemi ngomlenze owodwa.

UKhozi wabuza uSikhukhukazi, "Uphi omunye umlenze wakho?"

USikhukhukazi waphendula wathi, "Umphathisitolo uwunqumile, wase enginika le mpahla esikhundleni sawo."

UKhozi wabuza, "Ngingakwenza nami lokho?" Unkaba naye wayefuna izimpahla. USikhukhukazi wavuma.

Engazelele
lutho umphathisitolo,
kwafika uKhozi. "Ngicela
unginqume umlenze nami
bese unginika izimpahla."

Wavuma umphathisitolo.

Khele, khele, khele
kukheleza
uKhozi ebheke ekhaya.
Wayejabule nokho
ngempahla ayeyinikwe
umphathisitolo.

Wathi efika ekhaya uKhozi, wafica uSikhukhukazi ehamba ngayo yomibili imilenze yakhe.

"Mameshane!"

Wathukuthela uKhozi wagxumela uSikhukhukazi. Zaya kuSikhukhukazi.

Yingakho uKhozi ehlala ehubha amachwane kaSikhukhukazi. Uma eke walibamba, uyalidla.

You are free to download, copy, translate or adapt this story and use the illustrations as long as you attribute in the following way:

USikhukhukazi uqiliga uKhozi

Author - Nathan Higenyi
Translation - Pumla Mdontswa and Zanele Zuma
Illustration - Rob Owen
Language - isiZulu
Level - First paragraphs

© African Storybook Initiative, 2015
Creative Commons: Attribution 4.0
Source www.africanstorybook.org